

ser. 322 (11)  
PP. 1-2  
1

16

Phakathwayo's Journal.

K13/21 F. Vilakazi.

K13/21

b

1/2

K13/21

Ukutshiswa kwesidumbu kwaSithole

A6akwaSithole la6a phela 6awezwa uyena uTshaka ukuzo6ulala amazimu aye6ulala a6antu lapha nganeno. Uthe uShaka ngoku6ona loku wathi a6antu a6ami 6onke angifuni uku6a 6a6u6awe amazimu. Usethuma ~~na~~ yeneka ~~umama~~ uMatshana. UMatshana usewela nezinyosi nezintshe. UGoza lona wake wakhonza kwaSithole. Kuthona uyise kamaPhikwana wakwaQwa6e wafika e6aleka kwelaku6o ngo6a kuthiwa uzo6ulawa. Kwathiwa udle izinkomo zenkosi yona yakwaQwa6e zikaPhakatha. Use6aleka-ke usethi ukufika kuMatshane inkosi yakwaSithole usekhonza.

2 Kwakuyindoda ehlananiphile. Iwazi umuthi. Phela a6akwaQwa6e niyazi ukuthi 6axa6ana nozulu ngo6a kwathi ngelinye ilanga athi amaZulu amaQwa6e awanankosi. Usethi uPhakathayo "Kuhle sihambe siye ngasolwandle la kukhona amabhubesi. Kutonakale onga6amba izinyane lebhu6esi. Athi noma eza amabhu6esi anga6aleki." Kuthe uma sekufikwe lapha athi amaZulu ~~ku~~ kuhle kuqale wona amaQwa6e. Ne6ala uPhakathayo usuke ashiye impi yakhe ali6ambe izinyane lebhu6esi athi uma eli6ambile eze kuye wonke amabhu6esi athule njena. Athi uma eseseduze kuyena amunuke a6ese emuyeka. 6ese kusuka yena uShaka usethi uma emu6amba umuntwana webhu6esi 6aqa<sup>h</sup>amuke

3 onina noyise 6ehu6a. Athi angawa6ona a6aleke aphinde empini yakhe. ~~Ma~~ Ngoku6ona loku a6akwaQwa6e se6ethi akukhonkosi kwaZulu. Ukudumclana kwayo-ke impi leyo. Yalwa yase yehlulwa eyakwaQwa6e. Seku6a le kwa uQwa6e. Usexoshwa uZulu. Manjeanka uyise kamaPhikwana usenza naye eminingi imilingo kwaSithole. A6akwaSithole se6efuna na6o umuthi onjingo wakwaQwa6e. Sekuthi ukufa kukaMatshane seku6usa uMancingeze. Uthe uku6a afe usethi kuyise kamaPhikwana, "Kuhle wenze lomulingo ngo6a nangu u6a6a usefile." Naye-ke uyise kamaPhikawana usevuma. Ukuze lomulingo ulunge kuhle inkosi ishishwe ingalahlwa njengamanye amakhosi akwaZulu. Sekuvumeka.

4 Kwase kuphuma ama6utho eyotheza izinkuni. Zaningi impela.

Kuthena uma seziningi kwaso ku6ekwa isidumbu senkosi. phezu komhlumayo edwaleni sesitshiswa kuze ku6e umulotha. Sekuthi isidumbu senkosi esesishile sesithathwa selunjwa kwenziwa umuthi. Uselashwa ngasoke uMancengeze nezinduna zakhe.

Kuthiwa ukusukela lapho wesabeka wafana nalo ibhubesi. Namanye amakhosi abemusa6a kanti unesizwe esincanjena. Nezinduna bezimesa6a nabantu bezesa6a. Izinyoka nezilwane zasendle bezimubalekela uma eza uMancengeza. Manjena amanye abasashiswa kwagcina ngaye uMatshane.

5 Into ingo6a washeshe wafa uyise kaMaphikwana abanye Gengakawufundi lomulingo. Abantwa bakwaSithole bonke bakula baka basha umulilo yingo6a kwashiswa inkosi namaPepethe amaSwazi ayekwenza loku ayishise inkosi yona yawo ngo6a esa6a ukuthi izawuvuswa abathakathi. Kodwa nawo amaSwazi awasakwenzi loku ngo6a sekwafika bona abamhlophe nokholo. Kwakungashiswa inkosi yodwa nezinceku zayo zazishiswa. Geseekushiswa nayo yonke into yenkosi kungasali lutho. Uma sekuzilwa ukudla kwakungaphekwa kuze ~~kuhamba~~ kuphele izinsuku zokuzila. Kulomulilo owawuwosa kwakuwuvuzelwa umulotha ~~we~~ wesidumbu. Kukhunjulwe yena unnumuzane ofileyo inkosi nezinduna ku6ongwe amadlozi. Kugaywe notshwala kuhlatshe <sup>w</sup> kwenzelwe amadlozi.

6 Uma kugula umuntu khona futhi kwaSithole wayelashwa ngesidumbu sabashisiweyo. Uma umuntu olashwa kwaku6ongwa yona inkosi nezinduna ezashiswayo. Ku6ongwe amadlozi. Kugaywe notshwala. Kwakudunyiswa umvelinqangi. Manamhlanjena basakwenza loku kwaSithole nakhona Gelu kumaThembu namaCunu. Kodwa ayisekho insizi yesidumbu sabashisiweyo. Sekwenziwa ngemithi njena. Kuthi wathi uMatshingwasi eGona uMaquku umfazi wenkosi engabelethi kahle. UTshingwane lona wayesemudala. Engasakwazi ukuhamba. Kuthiwa kwathi uma soku6onakala ukuthi uyafa manjena, wathi uMatshingwana, edumisa abaphansi kwaziwa yini makhosi mhla6e kwezincane ningahla6i kwezinkulu na?" Esho ukuthi kungefe uMaquku kusale yena. Kuthiwa wase uya6eletha uMaquku. Kwathi manjalo wafa uMatshingwane. Loku kufakazela ukuthi amadlozi ayaphendula uma uwakhonza kahle. Izekwa uMfushane Mvelase wase6aThenjini.

End. S. 322.